HILLCREST HIGH SCHOOL

UKUHLOLWA KUKAJUNI 2018

ISIZULU ULIMU LOKUNGEZELELA (FAL)

IBANGA LESHUMINANYE (GRADE 10)

IPHEPHA LOKUQALA (PAPER 1)

ISIKHATHI: 2 Amhr. IMIKLOMELO: 80

IMIYALELO:

- Funda LONKE iphepha ngaphambi kokuqala ukubhala.
- *Izimpendulo masihambisans nezinombolo zemibuzo* UNGAXOVI.
- Sebenzisa isiZulu ESIVUMELEKILE.
- Bhala umsebenzi OHLANZEKILE.
- Lifunde LONKE iphepha uma uqeda ukubhala.
- Uma uqala isiqephu esisha, qala ikhasi ELISHA.

OKUMHLPHE KODWA !!!!!

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa. | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi. | (40) |

2. Fundisisa yonke imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

4. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni.

6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.

7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

8. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**THINA SIZIKHETHELE UKUBULALA IZILIMI ZETHU!**

Uma intsha eyafa ngonyaka ka-1976 ilwela ilungelo lokufundiswa ngoLimi lwayo ingavuka namhlanje, ingadumala kakhulu. Okungayidumaza kikuyu ukubukelwa phansi kweziLimi zendabuko (indigenous Languages) lapha eNingizimu Afrika. Kuyiqiniso ukuthi into ongayisebenzelanga kanzima awuyihloniphi. Intsha yanamhlanje iphila kangcono ngenxa yezithukuthuku zentsha eyazidela ngeminyaka eyadlula. Yayilwela ilungelo lokukhuluma izilimi zendabuko ngokukhululeka nokuthi zonke iziLimi zinikwe isithunzi (dignity) esifanayo. Ababephethe ngaleso sikhathi babefuna ezabo kube yizo ezihlonishwayo nezikhulayo, ezabaMnyama zona zibukelwe phansi/ zazinganakiwe.

Intsha eMnyama yangaleso sikhathi yayikwazi kahle ukuthi uLimi lwakho lubaluleke kanjani futhi lunguwe uqobo (identity). Uma umuntu elubukela phansi uLimi lwakho usuke ekhombisa ukungakuhloniphi. Manje sesikhululekile, sekuyisikhathi sokuthi siziqhenye ngeziLimi zendabuko kanye namasiko ethu. Okubi ukuthi siyazenyeza (ashamed) ngalezi ziLimi. Abazali banika izingane zabo amagama esiNgisi, baphinde basikhulume noma isidingo singekho baze balalele nomculo waso. Ngisho nasemasontweni abaMnyama ufica kushunyayelwa ngaso isiNgisi. Konke okwethu sikubukela phansi.

Sekwakheka isithombe esingelona iqiniso sokuthi umuntu okhuluma kahle isiNgisi uhlakaniphile kanti naso siwuLimi njengezinye. Ukusikhuluma kahle kuyefana nokukhuluma isiZulu noma isiNdebele kahle. Lokhu kukwenza ubone ukuthi abantu abaningi sebakhohliseka, bakholwa ukuthi uma ukhuluma kahle isiNgisi ungcono kunabanye abantu futhi alukho olunye ulimi odinga ukulazi. Ukucabanga ngale ndlela akusho ukuthi uhlakaniphile. Ngesikhathi sobandlululo ayikho into abantu ababecindezelwe (oppressed) ababeziqhenya ngayo njengeziLimi zabo zendabuko, amasiko kanye nobuzwe babo. Kwakuchitheka igazi belwela ilungelo lokuthi lezi zinto zontathu zihlonishwe.

Kulesi sikhathi esiphila kusona manje abantu bayakhuthazwa ukuthi baziqhenye ngeziLimi zabo. Ngesikhathi sobandlululo abantu babefundiswa ngenkani iziLimi zalabo ababephethe. IsiBhunu ngolunye lwalezo zilimi abafundi ababephoqwa ukuthi balufunde. Bona-ke balwa bephikisana nalokhu. Kuyethusa ukuzwa umzali oMnyama onengane efunda ezikoleni ezixube izinhlanga (multi-racial) esho ngokukhulu ukuziqhenya lokhu ethi: 'Mina ingane yami ngifuna ifunde isiNgisi nesiBhunu. IsiZulu izosenzani?'

Lokhu kuvele kwenze ubone ukuthi uhlobo olunje lwabazali alulwazi usizi intsha yangaphambili eyadlula kulona ukuze sibe naleli lungelo lokuzikhethela uLimi esifuna ukulufunda ezikoleni. Kudala abantu babenikwa amagama amasha uma bethola umsebenzi. Babenikwa amagama abizeka kalula kubeLungu. Ungake ucabange nje ukuthi uma namhlanje ungaphucwa igama lakho unikwe igama elizothandwa nguthisha esikoleni ofunda kusona kungabanjani? Ngaphezu kwalokho unikwe igama ongalazi nokuthi lisho ukuthini.

Phela kithina maZulu igama lomuntu liba nencazelo ethile. Isikhathi esiningi igama lomuntu liveza izifiso namaphupho abazali bakhe. Kwesinye isikhathi lihambisane nezinto ezazenzeka ngesikhathi bethola ingane yabo. Okhokho bethu babengavumelekile ukuya esikoleni noma ukubhabhadiswa esontweni uma bengenalo igama lesiNgisi. Nalabo ababeyizigqila (slaves) eMelika ababethathwa ngenkani lapha e-Afrika babengavumelekile ukukhuluma ulimi lwabo. Ngokuhamba kwesikhathi baze balukhohlwa.

Ukuziqhenya ngolimi lwakho akusho ukuthi ungabe usazifunda ezinye iziLimi. Kuhle ukusazi isiNgisi, usikhulume, usibhale futhi usifunde kahle. Okubi ukuthi wazi sona kakhulu kodwa olwakho uLimi ube ungalwazi. Lokho kusho ukuthi ukhetha ukuzicindezela wena ngokwakho nakuba sewanikwa inkululeko. Akukhona ukuhlakanipha ukuthuthukisa uLimi lwezinye iziZwe ube ulubukela phansi olwakho. Funda olwakho uLimi kuqala uziqhenye ngalo ngoba uNkulunkulu akenzanga iphutha ngokukunika lona, bese-ke uzifunda nezinye. Ukwazi iziLimi eziningi kuhle futhi kungakuvulela amathuba amaningi empilweni kodwa yazi futhi uziqhenye ngolwakho ulimi kuqala.

1.1.1 Yayilwelani intsha yango-1976? (1)

1.1.2 Bhala OKUKODWA okwenziwa abantu ukukhombisa ukuzenyeza ngezilimi zabo. (1)

1.1.3 Ababephethe ngaleso sikhathi yini ababefuna ukuyibona yenzeka ezilimini zabaMnyama? (2)

1.1.4 Khetha igama elifanele kubakaki:

Isikole esixube izinhlanga isikole (esifundisa ngesiNgisi, esifundisa abeLungu kuphela, esifundisa izinhlanga ezehlukene). (1)

1.1.5 Iyiphi into intsha eyayiphila ngesikhathi sobandlululo eyayiziqhenya ngayo? (1)

1.1.6 Yini eyayenza abacindezeli baphoqe labo ababecindezelwe ukungalukhulumi ulimi lwabo? (2)

1.1.7 Bhala izinto EZIMBILI ezazenziwa kokhokho bethu ezazibahlukumeza ngoLimi lwabo. (2)

1.1.8 Bhala izinto EZIMBILI ezingachazwa yigama lo muntu. (2)

1.1.9 Yisiphi isithombe esingelona iqiniso esesakhekile ngolimi lwesiNgisi? (2)

1.1.10 Uqonde ukuthini umbhali uma ethi: 'Thina sizikhethele ukubulala izilimi zethu'? (2)

1.1.11 Abazali abaMnyama abazikhuthazi izingane zabo ukuthi zifunde isiZulu. Caphuna umusho endabeni ofakazela lesi sitatimende. (2)

1.1.12 Intsha eyashona ngo-1976 uma ingavuka manje ingadumala. Ngabe lesi sitatimende siyiqiniso noma umbono? Sekela impendulo yakho. (2)

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA**

**UMBUZO 2**

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi esikhuluma ngezindlela zokulungiselela ukubhala izivivinyo zokuphela konyaka bese usifingqa ngamaphuzu ayi-7.

**IMIYALELO:**

1. Bhala amaphuzu ayi-7 ngemisho ephelele. Amagama akho abe phakathi kwangama-50 kuya kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela ku-1 kuya ku-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa kumusho ngamunye.
4. Sebenzisa amagama akho emishweni.
5. Ekugcineni kwamaphuzu onke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

**IZINDLELA ZOKUZILUNGISELELA IZIVIVINYO ZOKUPHELA KONYAKA**

Isikhathi sokubhala izivivinyo zokuphela konyaka siletha uvalo/ukwesaba kubafundi abaningi. Abanye bafisa nokuthi kuhlehle ngoba basuke bengakazilungiselele kahle ukuqala ukubhala. Kubalulekile ukuhlela kusenesikhathi ukuze uphumelele. Nazi izindlela ongazilandela ukulungiselela ukubhala:

Kufanele uma ungumfundi uqoqe zonke izincwadi, amanothi kanye nemisebenzi ebeyenziwa ekilasini phakathi nonyaka. Lokhu kuyasiza ukubona ukuthi yikuphi ongenakho bese ucela kothisha kanye nakwabanye abafundi ukopishe kusenesikhathi. Umfundi kufanele abukisise uhlelo olunezifundo, izinsuku nezikhathi zokubhala (time table) ngesikhathi belunikwa esikoleni. Emva kokuthola uhlelo lokubhala esikoleni umfundi usengazakhela olwakhe lokutadisha ukuze abhalansise isikhathi asinika izifundo azozibhala. Lolu hlelo angalunamathisela endaweni esobala ekhaya.

Ukuhlangana ningamaqembu bese nixoxa ngezifundo nabanye abafundi kuyasiza kodwa akusho ukuthi umfundi usengagcina ngalokho. Kufanele uma eseyedwa ekhaya aphinde afunde asebenzise nolwazi aluthole kulabo afunda nabo. Amaphepha okuhlolwa eminyaka edlule ayasiza ukubona indlela imibuzo engabuzwa ngayo. Ngale ndlela, umfundi uthola nolwazi abengalutholanga kuthisha wakhe.

Ngesikhathi sokuhlolwa kubalulekile ukuthi umfundi adle ukudla okunomsoco esikhundleni sezibiliboco. Lokhu kwenza umqondo womfundi usebenze kahle futhi angahlaselwa izifo ezihambisana nokuba ngaphansi kwengcindezi (stress). Kubalulekile ukuphuza amanzi amaningi esikhundleni seziphuzo ezinoshukela. Kujwayelekile ukuthi abafundi ngalesi sikhathi baphuze amaphilisi nemithi eyenza ukuba bangalali. Lokhu akulungile ngoba kufanele umfundi alale kahle ukuze nomqondo wakhe uphumule. Ukufunda kuze kuse akulungile ngoba kungenza ukuthi umfundi alale ngesikhathi sokubhala/sokuhlolwa.

Izinto ezifana nomabonakude, amaselula, ukuzula nokuvakasha kuyawuphazamisa umqondo womfundi. Ukuzivocavoca kungenye yezindlela ezenza umzimba nomqondo ungakhathali. Indlela eya empumelelweni ifuna usebenze ngokuzinikela nangokuzimisela.

[*Own source*]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3


Bukisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela.

# NOMA DISTRIBUTORS!!!!!!

**UYATHUTHA? > UYAPHI?**
**ULANDA IZIMPAHLA? > UZIYISAPHI?**
**SIZOFIKA QATHATHA!!!**

Siyihamba yonke iNingizimu Afrika, amadolobha amakhulu namancane: eGoli, eThekwini, eKapa, eMpangeni njll.

Konke kwenziwa ngobuchwepheshe:
- isevisi ephambili
- ukupakisha **ngobunono**
- ukunakekela izimpahla zingalimali
- ukukwenzela okufunayo **ngokuphazima** kweso
- amanani aphansi



Zifikele mathupha

(eduze kweCarlton Centre)

234 Zolile Street
Johannesburg

Ucingo: 011-5467838
Ifeksi: 011-5467822

**KULULA! KULULA! KULULA!**

3.1 Kungani igama elithi **NOMA DISTRIBUTORS** libhalwe laba ngamagama amakhulu? (1)

3.2 Bhala imisebenzi EMIBILI eyenziwa yile nkampani. (2)

3.3 Kwenziwa yini ukuthi kubenamagama alandelwa uphawu lokubuza kulesi sikhangisi? (2)

3.4 Ukwenza into ngokuphazima kweso kusho (ukugijima, ngokushesha, ngokunensa.) (1)

3.5 Bhala umusho onolimi oluhehayo kulesi sikhangisi. (2)

3.6 Ngokwakho ukubona yini eyenza iNoma Distrubutors ihluke kunezinye izinkampani? Bhala OKUBILI. (2)
**[10]**

## UMBUZO 4

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.




4.1 Ukuthi imali ngizoyibuyisa kusho ukuthi (ngizoyikhokha, ngizoyithatha, ngizoyifuna). (1)

4.2 Sebenzisa igama elithi 'isonto' wakhe ngalo umusho ozoveza umqondo ohlukile kunalowo osesithombeni. (2)

4.3 Khipha igama elikhombisa ulimi oluncengayo kule khathuni. (1)

4.4 Guqula umusho olandelayo ukhombise ukuphika.

Ngiyayidinga, ngiboleke mfowethu. (2)

4.5 Bhala isaga esingamelwa yilo musho olandelayo:

Ngisize ngoba nami ngizokusiza kusasa. (2)

4.6 Le ndoda ayiwazi ama-ATM ukuthi asebenza kanjani. Sekela lesi sitatimende. (2)

**[10]**

**UMBUZO 5**

5.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela:

**UMBHALO F (Ofundwayo)**

> Ngiphaphama ngicula emnandi **ingoma**. Ngiyihube ngiphindelela ngaze ngakhumbula umbhalo othi abantwana bayisibusiso esiphuma kuMdali. Ubusisiwe umama owabusiswa ngabantwana. Ngakhumbula impilo sikhula singebaningi. Saseqe ngoyedwa nje vo eshumini. Intombi esizalayo yayisibambe ngamazinyo okwenja ibamba imidlwane yayo. Ongazi wayecabanga ukuthi sidla sisuthe. Sasivundle esiswini esivundile. Intombi eyayivuka ekuseni nogejambazo iyotheza. Emini iyo leyaya ibheke kodayisa ngezikhathi zamadina esikoleni.
>
> Ngikhule **ngimhlonipha** kakhulu umama wami. Ngazitshela ukuthi angifunde ngizimisele kuleli thuba enginikwa lona. Kuyothi ngingaphumelela izinto sezikhanya bha ngibuyisele okuhle kuye nasemndenini wami. Kuyimanje ngenza izifundo zobudokotela. Angizange ngaxuba imfundo nokuganga. Indlela umama wami ayezikhandla ngayo ngathi. Kwangivula amehlo. Ngangikubalekela ukudlala abangani.

*[Umbhalo wokuziqambela]*

5.1.1 Igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho liyinhloko noma umenziwa?

Ngiphaphama ngicula ezoyizayo **ingoma.** (1)

5.1.2 Bhala izingcezu zenkulumo ezakhe leli bizombaxa elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo:

Intombi eyayivuka ekuseni **negejambazo** iyotheza. (2)

5.1.3 Bhala igama elimqondofana naleli gama elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo bese wakha owakho umusho ngempendulo oyibhalile.

Ngikhule **ngimhlonipha** kakhulu umama wami (2)

5.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe:

Hlobo luni lwesifenqo lo musho obhalwe ngokugqamile:

Intombi esizalayo **yayisibambe ngamazinyo okwenja ibamba** imidlwane yayo.

A Isenzasamuntu.

B Isifaniso.

C Isingathekiso.

D Isifenyiso. (1)

5.1.5 Phinda ubhale lo musho olandelayo ukhombe ukuphika/ukulandula.

Ngangikubalekela ukudlala abangani. (2)

5.1.6 Tomula isenzukuthi kulo musho olandelayo.

Kuyothi ngingaphumelela izinto ziyobe sezikhanya bha ngibuyisele okuhle. (1)

5.1.7 Bhala igama elimqondophika nalelo elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo, bese ulisebenzisa emshweni ozakhele wona.

**Ubusisiwe** umgodla ogcwele bona. (2)

5.1.8 Guqula igama elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo liveze ubulili besilisa.

**Intombi** esizalayo yayisibambe ngamazinyo. (1)


5.1.9 Bhala lo musho olandelayo ukhombe ubuningi.

Angizange ngaxuba imfundo nokuganga. (2)

5.2 Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO G (Ofundwayo nobukwayo)**

*(Indawo yase-Brook isifanele ukuvotela ikhansela elisha elizophatha iminyaka emi-5 ezayo. U-Maggie Val beno-Piet Raw bazokhankasa (campaign) ukuze abantu baphume ngobuningi ukuyobavotela).*




[www.googlecartoons.com]

5.2.1 Yimuphi umuzwa ovuswa yilawa mazwi alandelayo?

'Nx! Yini eyenziwe yile ndoda?' (1)

5.2.2 Tomula igama elikhombisa ukuncenga enkulumeni ka-Maggie? (1)

5.2.3 Bhala OKUBILI u-Piet akuthembisa umphakathi. (2)

5.2.4 Ukwenzenjani ukudlala ngevoti? (2)
**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**